

Is my child reading?

Learning to read is a journey of discovery. As you travel through the world of storybooks with your children, you'll uncover different treasures and pleasure along the way. You might notice that your child who used to run off when you tried to read to him, now has a favourite picture book which he brings to you to read – over and over again! Or maybe you're surprised the first time that your older child sits down with her younger brother and pretends to read to him from a familiar picture book.

If you read regularly with your children, you will notice that their book habits change over time. Here are some of the "signposts" that point out a successful reading journey.

- Babies may become quiet as you start to read a book to them, showing that they are listening, and sometimes they may clap or kick their legs to show their excitement.

Some babies make sounds as you read to them. They are trying to imitate you.


- As children start to try to "read" on their own, they often turn the pages of the book, looking at the pictures while they make up their own story. (Sometimes they tell a different story each time!) This shows that they have learnt that the pictures give clues to what the story is about.
- Are there some storybooks that your children ask you to read again and again? You may

find your children "reading" these books on their own by looking at the pictures and telling the story. They may use a mixture of their own words with some of the actual words from the story. This is an important step in learning to read because it means that children realise that written words stay the same each time you read them.

- As children begin to read aloud for themselves and come across an unfamiliar word, you may notice that they try to guess what the word is by using what has already happened in the story to help them. Or, they may use the accompanying picture to give them clues to what the unfamiliar word might be. These are clear signs that your children are well on their way to being independent readers. They know that reading is about making meaning.

When you go on a journey, you are not called a "traveller" only when you reach your destination. Learning to read is exactly the same. Your children are readers at each stage of their reading development journey.

Noodle



Neo

Ngabe iyafunda ingane yami?

Ukufunda ukukwazi ukufunda okubhaliwe kuyindlela yokuthola izinto ezintsha. Ngesikhathi uhamba emhlabeni wezincwadi zezindaba nezingane zakho, uzothola ingcebo nobumnandi endleleni. Kungenzeka uqaphele ukuthi ingane yakho eyayibaleka uma uzama ukuyifundela, manje seyincwadi yezithombe eyithandayo eyiletha kuwena ukuze uyifunde – uyiphinde, uphinde uyifunde futhi! Mhlawumbe uqala ukumangala uma ubona ingane yakho endala ihlala phansi nomfowabo omncane yenza sengathi iyamfundela encwadini enezithombe ejwayelekile.

Uma ujwayele ukufundela izingane zakho, uzoqaphela ukuthi imikhuba yazo yokusebenzisa izincwadi iyashintsha ekuhambeni kwesikhathi. Nazi ezinye "zezimpawu" ezikhombisa uhambo lokufunda oluyimpumelelo.

- Abantwana kungenzeka bathule ngesikhathi uqala ukubafundela incwadi, ukukhombisa ukuthi balalele, futhi ngesinye isikhathi bangashaya izandla noma baqhwishe imilenze yabo ukukhombisa ukujabula kwabo. Ngesinye isikhathi abantwana benza imisindo ngesikhathi ubafundela. Bazama ukukulungisa.
- Ngesikhathi izingane ziqala ukuzama "ukufunda" ngokwazo, zijwayele ukuphenya amakhasi encwadi, zibheka izithombe ngesikhathi zizakhela indaba yazo. (Ngesinye isikhathi zixoxa indaba eyehlukile ngaleso naleso sikhathi!) Lokhu kukhombisa ukuthi sezifundile ukuthi izithombe zikunikeza okuthile okuchaza ukuthi indaba imayelana nani.
- Zikhona yini izincwadi izingane zakho ezifuna uzifundele uphinde ubuye uphinde futhi? Ungathola izingane zakho "zifunda" lezi zincwadi zodwa ngokubheka izithombe nokuxoxa indaba. Zingasebenza ingxube yamazwi azo kanye namanye amagama akhona endabeni. Lokhu kuyisinyathelo esibalulekile ekufundeni ukufunda okubhaliwe

okuchaza ukuthi izingane ziyabona ukuthi amagama abhaliwe ahlala efana isikhathi ngasinye njalo nje uma uwafunda.

- Ngesikhathi izingane ziqala ukuzifundela kakhulu futhi zihlangana namagama ezingawajwayele, kungenzeka uqaphele ukuthi zizama ukuqaphele ukuthi lisho ukuthini igama ngokusebenzisa lokho okwenzeke endabeni ukuze kuzisize. Noma, zingasebenzisa isithombe esihambisana negama ukuze zithole ukuthi ngabe lithini igama elingajwayelekile. Lezi yizimpawu ezicacile ezikhombisa ukuthi izingane zakho ziphikelele ekubeni abafundi abazimele. Ziyazi ukuthi ukufunda kumayelana nokwakha umqondo othile.

Uma uthatha uhambo, awubizwa ngokuthi "ungumhambi", uze ubizwe ngaleli gama uma sewufike lapho uya khona. Ukufunda ukufunda okubhaliwe kuyinto efana ncmishi nale. Kuwuhambo, futhi izingane zakho zingabafundi esigabeni ngasinye sohambo lokuthuthukisa ukufunda kwazo.



Drive your
imagination

Read to me. Never too early.
Never too late.
Ngifundele. Ungesheshe kakhulu.
Ungelibale kakhulu futhi.





Laugh aloud!

World Laughter Day is celebrated on 5 May each year. Enjoy reading these funny poems and jokes and then try writing some of your own to share with others on 5 May!

Hleka kakhulu kuzwakale!

Usuku Lokuhleka Lomhlaba Wonke lugujwa mhla ka-5 Meyi minyaka yonke. Thokozela ukufunda lezi zinkondlo namahlaya okulandelayo bese uzama ukubhala okunye kwakho ozokwabelana ngakho nabanye mhla ka-5 Meyi!




Haha

Question:
What is black and white and makes a lot of noise?

Answer: A zebra playing the drums!

Umbuzo: Yini enombala omnyama nomhlophe eyenza umsindo omkhulu?

Impendulo: Idube elidlala izigubhu!



haha

Teacher:
Nosipho, put some more water in the fish tank, please.

Nosipho: I put some water in last week, but the fish haven't drunk it yet!

Uthisha: Nosipho, faka amanye amanzi ethangini lenhlanzi.

UNosipho: Akhona engiwathele ngesonto eledlule kodwa beyingakawaphuzi!



Question:
What's brown, has a hump and lives at the North Pole?

Answer: A lost camel!

Umbuzo: Yini ensudu, enesifumbu futhi ehlala eNorth Pole?

Impendulo: Ikameli elilahlekile!

Win!

Post photos of your children laughing at their favourite jokes at www.facebook.com/nalibaliSA, or share them on Twitter @nalibaliSA, or email them to letters@nalibali.org until 31 May 2013 and stand a chance to win great prizes.

Wina!

Faka izithombe zezingane zakho zihleka amahlaya azo eziwathandayo ku-www.facebook.com/nalibaliSA noma wabelane ngazo ku-Twitter @nalibaliSA noma uzithumele nge-imeyli ku-letters@nalibali.org kuze kube umhla ka-31 Meyi 2013 bese uba sethubeni lokuwina imiklomelo emihle.

Create your own mini-book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakhele ibhukwana lakho

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Reading club tip #6

Celebrate World Laughter Day by asking the children to write down a joke on a piece of paper – either a joke they know or one they have made up. Create a “joke wall” by displaying all the jokes and letting the children have fun reading them!

Icebo lethimba lokufunda lesi-6

Gubhani Usuku Lokuhleka Lomhlaba Wonke ngokucela izingane zakho ukuthi zibhale ihlaya ephepheni – kungaba ihlaya abalaziyo noma lelo abazenzele lona. Yenzani “udonga lwamahlaya” ngokubeka wonke amahlaya bese uvumela izingane ukuthi zizithokozise ngesikhathi ziwafunda!

Haha

There was an Old Derry down Derry,
Who loved to see little folks merry;
So he made them a book,
And with laughter they shook
At the fun of that Derry down Derry.

Edward Lear

There was an Old Man of Peru,
Who watched his wife making a stew;
But once by mistake,
In a stove she did bake,
That unfortunate Man of Peru.

Edward Lear



hahaha...

Patient:
Doctor, Doctor, I keep thinking I'm invisible.

Doctor: Who said that?

Isiguli: Dokotela, Dokotela, ngihlale ngicabanga ukuthi angibonakali.

UDokotela: Ubani lo okhulumayo?

Question:
Why do elephants never forget?

Answer: Because nobody ever tells them anything!

Umbuzo: Kungani izindlovu zingakhohlwa?

Impendulo: Ngoba akekho umuntu ozitshela okuthile!

Haha hahaha...



Izulu laliduma futhi libanika. Lagala ukuma.
Babengasakwazi ukubona izimpawu zomgwago.
There was thunder and lightning. It began to
rain. They couldn't see the street signs.



Ekugcineni, baze bafika edolobheni ... kodwa
balahleka. Kwase kugala ukuba mnyama.
Eventually, they reached the city ... and
got lost. It was getting dark.




We publish what we like

This is an adapted version of *Finding Aunt Joan*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from www.jacana.co.za. This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Funda indaba yokuqala, *Bamthola u-Anti uJoan*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: www.jacana.co.za. Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiSonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: www.jacana.co.za.

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

Fold

Finding Aunt Joan

Bamthola u-Anti uJoan



Jenny Hatton
Joan Rankin



Izimoto zazibahuthela. Amatekisi! aybadlula emaceleni. Abashayeli babebathuka. UMama wayengasakwazi ukufunda ibalazwe. Uba wa yethukuthela.

Cars hooted at them. Taxis swerved around them. Drivers made signs. Mother couldn't read the map. Father was cross.



Fold ↩

and drove.
yahamba imoto.



and drove ...
yahamba imoto ...

They drove ...
Yahamba imoto ...



... and hot food!
... bathola nokudla okushisayo!

Lucy had to go to East London with her family. They drove all the way from Mthatha.



Fold ↩ 4

Fold

It was a long way ...
 "Are we there yet?" cried Lucy.
 Kwakukude kakhulu ...
 "Asikakafiki?" kubuza uLucy.



It was time to phone Aunt Joan.
 "Wait right there. I'll come and fetch
 you," she said.
 Kwase kuyisikhathi sokushayela ucingo
 u-Anti uJoan.
 "Yimani khona lapho. Ngiyeza ngizonilanda."



ULucy kufanele ahambe nomndeni
 wakhe baye e-East London. Basuka
 eMthatha ngemoto.



... and, at last, they found
 Aunt Joan ...

... kwathi ekugcineni, bamthola
 u-Anti uJoan ...

Fold

They drove through the countryside.
Bahamba ngemoto njalo bedlula
endaweni yasemaphandleni.



She was squashed in the back seat
between her brother Simon's dog and her
cousin Sandi's mouse.

ULucy wayehleli ngemuva empintshekile
phakathi kwenja kaSimon, umfowabo
negundane likaSandi umzala wakhe.

Igundane laqala ukuklwebha. Inja yaqala ukunuka.

Balinda ...

Balinda ...

The mouse scabbled. The dog stank.

and waited ...

They waited ...



Sandi opened the door. Out jumped
Jonty. Out jumped Sandi, out jumped
Simon, out jumped Lucy. They all chased
Jonty round the corner, up the hill ...

USandi wavula umnyango. Phumiyane
uJonty. Phumiyane uSandi, phumiyane
uSimon, phumiyane uLucy. Bonke
babejaha uJonty, bajika ekhoni
bakhuphukela egqumeni ...



Get story active!

After you and your children have read *Finding Aunt Joan* try out some of these ideas.

If you have 10 minutes...

- Look closely at the pictures in the story together. They are filled with lots of fun details! Point out the things you find interesting and ask your children what they notice in the illustrations.
- Choose an object in one of the pictures, for example, Lucy's blue bear or the family's car, and let your children see if they can find it in the others pictures of the story.

If you have 30 minutes...

- Talk together about getting lost. Share a story about a time that you got lost and then how you found your way to where you wanted to go. Do your children have experiences of getting lost? Ask them to share their stories.

If you have one hour...

- Imagine that the story carried on after page 15. What do your children think might have happened after everyone had finished eating? Encourage them to draw a picture and write about what they think might happen next. Help younger children by writing the words that they tell you.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Bamthola u-Anti uJoan*, zamani eminye yale miqondo.

Uma ninemizuzu eyi-10...

- Bhokisani ndawonye izithombe ezisendabeni. Zigcwele izinto eziningi ezithokozisayo! Khomba izinto ozithola zihlaba umxhwele bese ubuza izingane zakho ukuthi zibonani ezithombeni.
- Khetha into ekwesinye sezithombe, isibonelo, ibhele likaLucy eliluhlaza okwesibhakabhaka noma imoto yomndeni, bese uvumela izingane zakho ukuthi zibheke ukuthi zingakwazi yini ukuyithola kwezinye izithombe ezisendabeni.

Uma ninemizuzu engama-30...

- Xoxani ndawonye ngokulahleka. Yabelana nabanye ngendaba yesikhathi lapho walahleka khona nokuthi wayithola kanjani indlela yalapho owawufuna ukuya khona. Ngabe izingane zakho zake zalahleka? Zicele ukuthi zabelane ngezindaba zazo.

Uma ninehora elilodwa...

- Ake wakhe isithombe somqondo sokuthi indaba iqhubekile ngemuva kwekhasi le-15. Ngabe izingane zakho zicabanga ukuthi kwenzekeni kuwo wonke umuntu ngemuva kokuba beqede ukudla? Gqogquzela izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe nokuthi zibhale ukuthi ngabe zicabanga ukuthi kwenzekeni. Siza izingane ezincane ngokuthi ubhale amagama ezikutshela wona.

Reading club corner

Are you looking for ways to make sure that the children at your club have stories to read at home too? Create a lending library using the mini-books and Story Corner stories. The children can take these home to read with family members until your next reading club session. Use a record sheet like the one alongside to help you remember which stories have been borrowed and which have been returned.

Name of story	Child's name	Date borrowed	Date returned
---------------	--------------	---------------	---------------

Igama lencwadi	Igama lengane	Usuku ebolekwe ngalo	Usuku ebuyisiwe ngalo
----------------	---------------	----------------------	-----------------------

Look out for this feature in future *Nal'ibali* supplements for ideas and advice on running a reading club!

Bhaka lesi sigaba ezithasiselweni ezilandelayo zakwa*Nal'ibali* ukuze uthole amacebo nezululeko ngokuqhuba ithimba lokufunda!



Ikhona lethimba lokufunda

Ngabe ufuna izindlela zokuqinisekisa ukuthi izingane ethimbeni lakho zinezindaba ezizozifunda nasekhaya? Yakha umtapo wezincwadi usebenzisa amabhukwana nezindaba ze*Khona Lezindaba* ukuze izingane ziye nazo ekhaya kuze kube umhlangano olandelayo wethimba lokufunda ukuze zizifunde namalungu omndeni. Sebenzisa iphepha lokugcina amarekhodi elifana naleli eliseceleni ukuze likusize ukukhumbula ukuthi yiziphi izindaba ezibolekiwe futhi iziphi ezibuyisiwe.



Neo

Days to celebrate at your club in May

- 1 May Worker's Day
- 5 May World Laughter Day
- 12 May Mother's Day
- 12 May Edward Lear's birthday (famous writer of funny poems)
- 15 May International Day of Families
- 23 May Margaret Wise Brown's birthday (author of the award-winning picture book, *Goodnight Moon* as well as many others)
- 25 May Africa Day

Izinsuku zokugujwa ethimbeni lenu ngoMeyi

- Umhla ka-1 Meyi Usuku Lwabasebenzi
- Umhla ka-5 Meyi Usuku Lokuhleka Lomhlaba
- Umhla ka-12 Meyi Usuku Lomama
- Umhla ka-12 Meyi usuku lokuzalwa luka-Edward Lear (umbhali odumile wezinkondlo ezihlekisayo.)
- Umhla ka-15 Meyi Usuku Lomndeni Lomhlaba Wonke
- Umhla ka-23 Meyi usuku lokuzalwa lukaMargaret Wise Brown (umbhali wencwadi enezithombe eyawina imiklomelo, *i-Goodnight Moon* kanye nezinye eziningi)
- Umhla ka-25 Meyi Usuku lwase-Afrika

Story corner

Here is story for you to read aloud or tell.

The little girl who didn't want to grow up (Part 1)

Retold by Veronique Tadjó

Ayanda was a little girl who lived with her parents, her grandmother and her younger brother. She was a happy child who was always smiling. She adored her father.

One day, a terrible war broke out. Her father was forced to go and fight in the army. Ayanda's family heard nothing from him – not a word. Then victory was declared. The soldiers came home proudly. Ayanda waited anxiously for her father. She imagined all the wonderful things that they would do together. But he never came back. Ayanda's heart was broken. Nobody could console her. It seemed as if her pain would never go away.

Her sadness turned to anger. "Why was my daddy killed in the war? It is so unfair!" She decided to stop growing up.

People would ask, "Ayanda, why are you still so tiny?"

She would simply reply, "Because grown-ups are cruel. They go to war. I don't want to be like them."

As the years went by, the girls in the village started to grow up. But Ayanda remained tiny.

One evening, Ayanda's mother became very ill. She was taken to the hospital in a small town far away from the village. The doctors decided to keep her there until she was well again. Ayanda's grandmother had to do all the household chores. She was weak and had a bad back, which made everything difficult. Ayanda was sad to see her work so hard.

"If only I were a little bit bigger, I could help Grandma take care of the house," thought Ayanda. So, she let herself grow just enough to feel stronger. Full of energy, she was soon able to do everything for her grandmother.

After that, each time Ayanda needed to be bigger to do one thing or the other, she would let herself grow a little bit more. But, while Ayanda's mother was still in hospital, her grandmother also fell sick. Now Ayanda had to do all the chores, take care of her younger brother and look after her grandmother, all on her own.

"I think I need to grow a little bit more," she said to herself. "At least until Mother comes back." And that's exactly what she did.



When, at last, Ayanda's mother came home, Ayanda had grown so much that her mother almost didn't recognise her. She was now one of the most beautiful girls in the village.

Find out next week how brave Ayanda saves her village.



Adapted from *The little girl who didn't want to grow up* and *Intombazanyana eyayingafuni ukukhula*.
Published by Jacana. © 2010



Illustration by Catherine Groenewald
Imidwebo yenziwe uCatherine Groenewald

Ikhona lezindaba

Nansi indaba ozoyifunda noma uyixoxe kakhulu.

Intombazanyana eyayingafuni ukukhula (Ingxenye yoku-1)

Ixoxwa kabusha uVeronique Tadjó

U-Ayanda wayeyintombazanyana eyayihlala nabazali bayo, ugogo nomfowabo omncane. Wayeyingane ethokozile eyayihlale imamathekile. Wayemthanda ubaba wakhe.

Ngelinye ilanga, kwaqubuka impi embi kakhulu. Ubaba wakhe waphoqeleka ukuthi ayolwa empini. U-Ayanda nomndeni wakhe abazange bathole myalezo owawuvela kuye – nowodwa nje. Kwamenezelwa ukuthi kunqotshiwe. Amasosha abuya eqhoshile. U-Ayanda walindela ubaba wakhe enekhala. Wayecabanga zonke izinto ezinhle ababezozenza ndawonye. Kodwa akazange abuye. Yayibuhlungu inhliziyi ka-Ayanda. Akekho umuntu owayengamduduzisa. Kwakubukeka sengathi ubuhlungu angeke buphele.

Ukukhathazeka kwakhe kwaphendula ukuthukuthela. "Ubaba ubulawelweni empini? Abukho ubulungiswa kulokhu!" Wanquma ukuthi akasezukulakula.

Abantu babebuzisa ukuthi, "Ayanda, kungani ulokhu umncane kangaka wena?"

Wayevele aphenyule athi, "Yingoba abantu abadala banesihluku. Baya empini. Angifuni ukufana nabo."

Ekuhambeni kweminyaka, amantombazane asemuzini aqala ukukhula. Kodwa u-Ayanda wayelokhu emncane nje.

Kusihlwa ngelinye ilanga umama ka-Ayanda wagula kakhulu. Wayiswa esibhedlela edolobhaneni elalikude nomuzi. Odokotela banquma ukumgcina aze aphile futhi. Ugogo ka-Ayanda kwakumele enze yonke imisebenzi yasekhaya. Wayebuthakathaka futhi eneqolo elibuhlungu, okwakwenza zonke izinto zibe nzima. Kwakubuhlungu ku-Ayanda ukumbona esebenza kanzima kangaka.

"Ukuba bengithe ukukhulakula, bengingamsiza ugogo ukuthi anakekele indlu," kucabanga u-Ayanda. Ngakho, wazivumela ukuthi akhule ngokwanele ukuze azizwe esenamandla. Wayegcwele amandla, ngokushesha wayesekwazi ukwenzela ugogo wakhe yonke into.

Ngemuva kwalokho, njalo uma u-Ayanda edinga ukukhula kancane ukuze enze okuthile, wayezivumela ukuthi athi ukukhula kancane. Kodwa, ngesikhathi umama ka-Ayanda esesesibhedlela, ugogo wakhe naye wagula. Manje kwakudingeka ukuthi u-Ayanda enze yonke imisebenzi yasendlini, wayenakekela umfowabo omncane kanye nogogo wakhe, eyedwa nje.

"Ngicabanga ukuthi kumele ngikhule kancane," ezitshela. "Okungenani uMama aze abuye." Kanti-ke wakwenza lokho.

Ekugcineni, uma esefika ekhaya umama ka-Ayanda, u-Ayanda wayesekhule kangangoba umama wakhe wacishe wangamboni. Manje wayesengomunye wamantombazane amahle kakhulu emzini lapha.


Thola ngesonto elizayo ukuthi u-Ayanda uwusindise kanjani ngesibindi sakhe umuzi.

In your next Nal'ibali supplement:

- How to create a print-rich environment
- Make a Mother's Day card
- Mini-book, *You can dance*
- The final part of the read-aloud story, *The little girl who didn't want to grow up*

Can't wait until next week for more reading and story tips, stories and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or find us on Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

Find us on your cellphone:
www.nalibali.mobi
Sithole kumakhalekhukhwini wakho:
www.nalibali.mobi



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ungayenza kanjani indawo ibe indawo enothe ngokubhaliwe
- Yenza ikhadi Losuku Lomama
- Ibhukwana, *Uyakwazi ukudansa*
- Ingxenye yokugcina yendaba efundwa kakhulu, *Intombazanyana eyayingafuni ukukhula*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, izindaba kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-www.nalibali.org noma usithole ku-Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA).

